**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI NOKUVULWA KWAMABHRIJI KUMASIPALA WASEJOZINI MHLAKA-31 AUGUST 2012.**

Mphathi wohlelo;
AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela akhona;
Izinduna zamaKhosi ezikhona;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezokuphepha;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuhlangana nomphakathi waseNdumo emcimbini walolu hlobo. Namhlanje singuMnyango wezokuThutha ngaphansi kukaHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize, sithe masizogcwalisa izibopho esazenza phambilini kubantu baseNdumo naseNgwavuma ngaphansi kumasipala waseJozini.

Sizogcwalisa esazibophezela kukona ukuthi le ngxenye yesifundazwe sethu ngeke siyikhohlwe futhi sizazi kahle izinselelo ezibhekene nomphakathi wakhona kwezentuthuko. Sikwazi kahle ukusalela emuva kwendawo yaseMkhanyakude uma kukhulunywa ngentuthuko jikelele.

Kuyasithokozisa-ke ukuthi nakuba umsebenzi usemuningi kodwa kancane kancane njengoHulumeni siya ngokulivala igebe elavuleka ngezikhathi zobandlululo lapho izindawo zangapha zazinganakiwe futhi zithathwa njengezingayifanele intuthuko.

Izindawo zangapha ziphuma esimweni esibi kabi lapho ngisho neziphathimandla zohulumeni bangaleso sikhathi zazize zisabise abantu ababelwa nengcindezelo zithi bazoyohlaliswa ngapha uma beqhubeka nokuba yiphela endlebeni. Manje yayingakuthola kanjani-ke ukubhekelelwa ngezidingo indawo enjalo?

Siyazi futhi ukuthi umhlaba walapha unamathuba amahle kwezolimo kanti nezokuvakasha ziwumgogodla womnotho lapha. Kodwa uma ingekho imigwaqo ngeke lokho kusize ngalutho. Izivakashi zizohamba kanjani? Imikhiqizo yezolimo izohanjiswa kanjani?

Siyabonga futhi ukuthi nani nisalokhu nisibekezelele, ngethemba lokuthi uma silokhu sithola ithuba lokuba kulo Hulumeni zizogcina zifezekile zonke izidingo zenu. Anithanga ngokubona kusekhona lapho nisasilele emuva khona nase ningena emgwaqeni nibhikisha noma nicekele phansi impahla. Uma silokhu sibambisene singabangisani akukho okuzosehlula.

Njengoba sisho-ke sithi mukhulu umbhidlango osuqhubekile nosaqhubeka wokulethwa kwengqalasizinda yomgwaqo endaweni yaseMkhanyakude, namhlanje size lapha mayelana nama-project amabhriji amathathu.

Namhlanje-ke siwuHulumeni enamvotela sithi amabhuloho amabili okuyiMunywana Pedestrian Bridge emfuleni iNgwavuma, neBhekabantu Pedestrian Bridge emfuleni uPhongolo, sesiwadlulisela kunina ngokusemthethweni mphakathi ukuba niwasebenzise. Lama bhuloho adle imali engu-R12.6 million ewomabili, kanti kuyasithokozisa-ke futhi ukuthi kunabantu bendawo abangaphezulu kuka-40 abathole namathuba emisebenzi ngenkathi kwakhiwa.

Sihlale sisho-ke lapho sihamba khona ukuthi uma sesingenile endaweni noma kumasipala, siyaye siqinisekise ukuthi sibheka konke okuyizidingo zomgwaqo ukuze abantu bangathi safika saletha umgwaqo noma ibhriji elilodwa sanyamalala emva kwalokho.

Yingakho-ke sesiphinde sahlaba isoyi njengophawu lokuqala komsebenzi wokwakhiwa kwebhuloho iNtabayengwe Pedestrian Bridge emfuleni iNgwavuma. Sesifake imali engu-R9 million ekwakhiweni kwaleli bhuloho. Nakhona kunabantu bendawo abangaphezulu kuka-30 okulindeleke ukuba bathole amathuba emisebenzi uma sekuqala lomsebenzi.

Siyawazi-ke umgomo walo Hulumeni ukuthi uma kuqashwa abantu kule misebenzi enjena asidingi kube nokwenzelela ngokobuqembu bepolitiki ngoba umsebenzi kaHulumeni ngowabantu bonke kungakhethile ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki njengoba ungekho umehluko uma uHulumeni eqoqa intela – wonke umuntu uyayikhokha intela uma uthenga okuthile noma uthola umhholo. Akukho ukuthi abeqembu elithile bazokhokha kakhulu kunabanye. Kanjalo-ke noma sekuhlomulwa ezinhlelweni zikaHulumeni, akumelekile kube khona ukwenzelela. Othi akwenzelelwe usuke engenzi ngokwezimfuno nezinjongo zikaHulumeni wentando yeningi.

Njengoba sithi mukhulu-ke umbhidlango oqhubekayo kulesi funda, ngaphandle kwala ma-project esize ngawo namhlanje umNyango usufake imali engu-R400 million kule minyaka yezimali emibili ezayo ukuze kwakhiwe futhi kugcinwe imigwaqo isesimweni esifanelekile esifundeni saseMkhanyakude.

Phakathi kweminye esiyisebenzayo kulo nyaka wezimali ka-2012/2013 kukhona u-P435 lona ebesiphendula isoyi lawo ngo-October wonyaka odlule. Kukhona ewubhuqu esiyilungisayo ngalo nyaka phakathi kwayo okungu-D2035 no-D1836 eNkosini uNyawo, u-D1851 eNkosini uMathenjwa, uP234 eNkosini uNgwenya, uP447 eNkosini uNxumalo noP443 eNkosini uMyeni.

Abalelwa ku-3 150 amathuba emisebenzi okulindeleke ukuba adaleke ngazo zonke izinhlelo zalesi sifunda, kuhlanganisa noZibambele.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngithanda ukunxusa ukubambisana okuhle nani nasekulweni nobugebengu kulezi zindawo zalapha eMkhanyakude. Uma silungisa imigwaqo siyifaka itiyela, akungabi yithuba lezigebengu ukuthi ziyisebenzisele ukudlulisa izimoto zokwebiwa ziwele umngcele. Makube yinina enisukumayo nilwe nabazongcolisa igama lendawo yenu.

Mangigcine ngokugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi babe nohlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

Kuyasikhathaza ukuthi ngemuva kwezinyangana kungabikwanga izinhlekelele ezinkulu ezidlula nemiphefumulo eminingi ngesikhathi esisodwa emigwaqeni yethu, kusukela kule nyanga ephela namhlanje u-August sesike satheleka ngehlazo salahlekelwa ngabantu abangu-22 ezingozini ezintathu esontweni elilodwa kuphela.  Uma kushona abantu engozini, kweminye imizi kusuke kusho ukuthi ikati seliqolala eziko.

Nalapha siyanxusa-ke ukuba abantu basebenzise onembeza babo bahloniphe imithetho yomgwaqo. Uma nenza imicimbi edinga nihambe ngezimoto, qinisekisani ukuthi nihamba ngezimoto ezisemthethweni futhi nabashayeli babe sesimweni esifanele.

Njengoba size ngobuhle nje lapha, sicela ukuphinda sibuye ngabo futhi ubuhle.
Ngalawo mazwi sithi siyabonga ukuziphatha kwenu, sengathi singaqhubeka sihloniphane, sinakekelane ukuze sibe yisizwe esithuthukayo.

**Ngiyabonga**